**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULWA KWE-MULTI PURPOSE CENTRE NGOLWESINE MHLAKA 26 JULY 2007 EMDONI (SCOTTBURGH):**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Ayikho into engijabulisa njengokuba yingxenye yomcimbi wokwethulwa kohlelo oluzoguqula izimpilo zabantu bakithi zibe ngcono.

- Ngesonto eledlule, bengimukelisa Amakhosi angu-171 ngezitifiketi ngemuva kokuba ephothule izifundo mayelana nokunqandwa kobugebengu eNyuvesi yasoNgoye. Ngishilo nalapha ngathi kungijabulisa kabi ukubona abantu sebekhululekile ngoba sebethole ibhuloho noma umgwaqo njengoba uMnyango wami wezokuThutha ubhekene nokuletha lokho.

- Noma yikuphi lapho ngihamba khona KwaZulu-Natal, ngihlale ngibatshela abantu ukuthi kungumgomo woMnyango wami ukuqinisekisa ukuthi izikhungo zomphakathi njengezikole, imitholampilo, amahholo nokunye, kumele kube nemigwaqo engenela kuzona.

- Izikhungo zomphakathi njengalesi zibaluleke kakhulu ngoba yilapho izinto ezithinta umphakathi ngqo zilungiswa khona. UMnyango wezokuPhepha nokuXhuamnisa uMphakathi, engiphathiswe wona njengoNgqongqoshe, kumele uhlomule kulokhu kuzibophezela kukahulumeni ekuletheni izikhungo zalolu hlobo esiluvulayo namhlanje.

- Lesi khungo singesohlobo lwesimanje futhi sihambisana kahle nohlelo lukahulumeni lwentuthuko edidiyele esithi i-Integrated Development Plan (IDP). Le ndawo ayizokuba nje namahhovisi ezokuphepha komphakathi kuphela, kodwa kukhona ihhovisi lekhansela leWadi, uMnyango wezeNhlalakahle, uMnyango wezaseKhaya, ihhovisi lemisebenzi eyisipesheli esithi ama-Special Projects – ethinta abesifazane, abakhubazekile, intsha neHIV/AIDS.

- Akungabazeki ukuthi le ndawo izokuba yinkundla ekahle yokusebenzisa isakhiwo sethu esisha sokulwa nobugebengu iJustice and Crime Prevention Sysytem. Phela uhulumeni wesifundazwe uyalele uMnyango wami ukuthi ubize imbizo yokudingida amasu okulwa nobugebengu, yona esiyenze ngenyanga kaMeyi eThekwini. Le mbizo iqoke ikomiti eliyisipesheli elibe selethulwa ngokusemthetweni eShowground eMgungundlovu ngenyanga kaJuni.

- Uhlaka lweJCPS lubhekene nomsebenzi wokwakha nokulungisa isimo samalungu omphakathi ngokuhlanganyela. Isakhiwo seJCPS sihlanganisa iminyango njengowezeNhlalakahle, ezoBulungiswa, ezeMfundo, ezaseKhaya, ezeMidlalo nezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

- Ezinye zezinto iJCPS ebhekene nazo yilezi:

- Ukuthola amakhaya ezingane ezihlala emgwaqeni ngokuthi kusungulwe izindawo zokuzigcina eziphephile;
- Ukutholela izingane izincwadi ezisho ukuthi zingobani njengama-ID nokunye;
- Ukulandela umkhondo wabazali noma izihlobo zezingane nokwakha izindawo zokufunda nokuzithokozisa zalezi zingane;
- Ukukhuthaza izimilo kubantu ngokuthi babe yingxenye yokunqanda ubugebengu kuyo yonke imiphakathi. Lapha kuzobe kugxilwe ekuhlanganisweni kwemindeni kubuyiswe umuzwa wokubaluleka kokuba yingxenye yomndeni nezinye izinhlaka zomphakathi;
- I-JCPS izosebenzisana nezinhlaka zezenkolo nezendabuko ukuze kube nabaqeqeshwayo ekulweni nobugebengu, okuyinto ezoqinisa ukuxoxisana kwemiphakathi kugqugquzelwe ukuthula nokwakhiwa kwesizwe;
- Omasipala kulindeleke ukuthi balungise udaba lwamabhilidi angasekho esimweni bese kwenziwa ngcono nezinye izindawo nje ezigcina seziyimihhume yabaphangi.

- I-Multi-purpose Centre kulindeleke ukuthi ibe yikhaya langempela lesakhiwo seJCPS. Leli yikhaya lemicimbi yomphakathi, elizoxazulula izingqinamba ezibheke nomphakathi, elizokuba nezixazululo ekusweleni kwemisebenzi, ekulweni nobubha nobugebengu uqobo.

- Nginethulela isigqoko ngalokhu futhi ngethemba ukuthi akulethiwe izindonga nje lapha, kodwa kulethwe indawo okuzohlomula wonke umphakathi kuyona.

**Ngiyabonga.**